ISIFUNDO SABANTU
ABADALA SESIKOLE
SESABATHA

3 INCWADI YEZENZO



Seventh-day Adventist® Church

Okuqukethwe

1	Nizokuba ofakazi bami – *Nhlangulana 30 – Ntulikazi 6*	6
2	I-Phentekoste – *Ntulikazi 7-13*	14
3	Impilo Ebandleni Elifufusayo – *Ntulikazi 14-20*	22
4	Abaholi Ebandleni Elisafufusa – *Ntulikazi 21-27*	30
5	Ukuphenduka kukaPawulu – *Ntulikazi 28-Ncwaba 3*	38
6	Ukushumayela kukaPetru – *Ncwaba 4-10*	46
7	Uhambo lokuqala lukaPawulu lokushumayela – *Ncwaba 11-17*	56
8	Umkhandlu waseJerusalema – *Ncwaba 18-24*	64
9	Uhambo lwesibili lokuvangela – *Ncwaba 26-31*	72
10	Uhambo lwesithathu lokuvangela – *Mandulo 1-7*	80
11	Uyaboshwa eJerusalema – *Mandulo 8-1*	88
12	Ukuvalelwa eKesariya – *Mandulo 15-21*	96
13	Uhambo oluya eRoma – *Mandulo 22-28*	104

Ihhovisi Labahleli:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Sivakashele ku Web Site yethu:
http://www.absg.adventist.org

Umbhali Obe Negalelo Elikhulu:
Ngu Wilson Paroschi

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Uzakwabo:
Soraya Homayouni

Umphathi Wezokushicilela
Lea Alexander Greve

Umsizi Womhleli
Sharon Thomas-Crews

Umxhumanisi Wase Pacific Press®
Wendy Marcum

Imidwebo:
Lars Justinen

© 2018 General Conference of Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yesifundo Sesikole seSabatha (Esejwayelekile) engaguqulwa, ilungiswe, ikopishwe, noma ihunyushwe, yinoma ubani ngaphandle kokuthola imvume ebhaliwe kwi General Conference yama Seventh-day Adventists. Amahhovisi eGeneral Conference yama Seventh-day Adventist® agunyazisiwe ukwenza amalungiselelo okuhunyushwa kwesifundo Sesikole seSabatha ngaphansi kwemibandela ethile. Ubunikazi bamalungelo alezo zihumusho nezincwadi ezishicilelwe kuyohlala njalo kungokwe General Conference. Igama elithi "Seventh-day Adventist," "Adventist," kanye nophawu lwelangabi, yizimpawu zokuhweba ezibhaliswe ngokomthetho egameni leGeneral conference yama Seventh-day Adventists® kanti akuvunyelwe ukusetshenziswa kwazo ngaphandle kwemvume yeGeneral Conference. Isifundo sabadala sesikole seSabatha sihlelwe yihhovisi le Adult Bible Study Guide lase General Conference yama Seventh-day Adventists. Ukuhlelwa kwezifundo kwenzeka phansi kweso elibukhali le Sabbath School Publications Board, okuyisigungu esincane seGeneral Conference Administrative Committee (ADCOM), okuyiyona esabalalisa izifundo. Isifundo

esisatshalalisiwe siwumphumela wekomiti elicwaningayo nokwamukelwa yiSabbath School Publications Board, ngaleyo ndlela ke isifundo asiwona umbono wababhali kuphela.



Ukunqoba Kwevangeli

Izazi ngomlando eziningi zikholwa ukuthi iminyaka engamashumi amathathu ibaluleke kunayo yonke emlandweni womhlaba kwakuyilapho ithimba lamadoda, ubuningi bawo kungamaJuda, eqhutshwa amandla kaMoya oNgcwele, ayisa ivangeli emhlabeni. Incwadi yeZenzo umlando waleyo minyaka engamashumi amathathu ebalulekile, ethathela ekuvukeni kukaJesu ngomnyaka ka 31 A.D. Kufike esiphelweni sokuboshwa kokuqala kukaPawulu eRoma ngo 62 A.D (IZenzo 28:30). Lencwandi kunokuba yabhalwa masinyane ngemuva kwalokho, ngoba iyishiya lapho indaba, yize kukhona ubufakazi bokuthi uPawulu wakhululwa kulokho kuboshwa, waqhubeka nomsebenzi wakhe wokushumayela, eshumayela ehamba waze waboshwa eminyakeni embalwa eyalandela, wanqunywa eRoma ngo 67 A.D.

Lencwadi ayisho lutho ngombhali wayo, kodwa ibandla lithi yabhalwa nguLuka, inyanga ethandekayo okubhalwe ngaye kwabaseKolose 4:14, futhi owayehamba noPawulu (2 Thim. 4:11, Filimone 24). ULuka futhi uthathwa njengombhali wencwadi yevangeli yesithathu, ngokungangabazeki “incwadi yokuqala” okukhulunywa ngayo kwiZenzo 1:1 (qhathanisa noLuka 1:3). Zombili lezincwadi uLuka neyeZenzo ziyimiqulu engamawele yesiqalo sobuKrestu, (impilo kaJesu nomsebenzi waKhe) kanye nokusabalala kwawo (umkhankaso wokushumayela kwabaphostoli ezizweni).

Zombili zenza amaphesenti angu 27 eTestamente eliSha, okuyigalelo elikhulukazi lombhali oyedwa. Ebhalela abaseKolose, uPawulu ubiza uLuka ngokuthi uzakwabo wasezizweni,

umuntu ongesiye owokusoka (Kolose 4:7-14). Kanjalo-ke, uLuka uyena yedwa umbhali wencwadi yeTestamente eliSha ongesiye umJuda.

Lokhu kuchaza esinye sezihloko zakhe esigqamile, esithi: ivangeli kuzo zonke izizwe. UNkulunkulu akanazo izintandokazi. Ibandla libizelwe ukufakaza kubo bonke abantu kungakhathalekile ukuthi abasizwe siphi, bakuliphi izinga lokuphila, noma ubulili (IZenzo 1:8; 2:21, 39, 40; 3:25; 10:28, 34, 35). Ukwehluleka ukwenza lokho, noma ngabe kungenxa yokucwasa noma ukubona kungakafaneli, ukuhlanekezela ivangeli, futhi kuphikisana namaqiniso ayisisekelo seZwi likaNkulunkulu. Sonke siyefana phambi kukaNkulunkulu: siyizoni ezidinga ukuhlengwa okutholakala kuKrestu Jesu.

Kanjalo-ke akulona iphutha ukuthi iqhawe elikhulu likaLuka uPawulu, "umphostoli kwabezizwe" (Rom. 11:13, NIV), okukhulunywa ngaye cishe izinxenye ezimbili kwezintathu encwadini yeZenzo. Ezinye izihloko ezibalulekile ezitholakala encwadini yeZenzo zihlanganisa: ubukhosi bukaNkulunkulu, nenhloso yaKhe (IZenzo 17:24, 25; 20:27; 23:11); ukuphakanyiswa kukaJesu njengeNkosi noMsindisi (IZenzo 2:32, 36; 3:13, 15; 4:10-12; 5:30, 31); futhi kakhulukazi indima kaMoya ekunikeni ibandla amandla nokulihola emsebenzini walo (IZenzo 2:1-4; 4:24-31; 8:14-17, 29, 39; 1019, 20). Eqinisweni, impumelelo yebandla elalisafufusa kwakungewona umphumela wokuhlakanipha komuntu noma ikhono, nakuba kwathandeka kuNkulunkulu ukusebenzisa umuntu onjengoPawulu ekubeni nomthelela emhlabeni ngendlela engazange ibonwe kwabanye abaphostoli futhi ababengakwazi ukuyenza (1 Kor. 15:10).

EyeZenzo ikhuluma ngesikhathi sokuphenjwa kwebandla elalisafufusa, lapho kwakhukhona ukukhula mayelana nokuphatha ngisho nezimfundiso. Lokhu singakubona endleleni ibandla elaphatha ngayo imibuzo mayelana nesikhathi sokubuya kukaJesu, isimo sabezizwe, kanye nendima yokukholwa ekusindisweni. Lokho ibandla elifufusayo elakwenza ngesikhashana-nje, kuwubufakazi baphakade balokho uNkulunkulu angakwenza ngalabo abathoba izinhliziyo zabo ngomthandazo, baphile ngaphandle kwezingxabano, futhi bavumele ukusetshenziswa uMoya ngenxa yodumo nenkazimulo kaNkulunkulu. Incwadi yeZenzo indaba yalabo ababizwe uNkulunkulu ukuba baqale umsebenzi; singafundani kubona thina esibizelwe ukuqeda umsebenzi?

UWilson Paroschi ungu professor kwezokuchaza iTestamente eliSha eBrazil Adventist University (UNASP), e-Engenheiro Coelho, Sao Paulo. Uneziqu ze PhD kwezeTestamente eliSha, azithola e Andrews University (2004) waze waqhuba izifundo zakhe ngemuva kwalokho eUniversity of Heidelberg, eJalimane (2011).